# *UBUFAKAZI BOVUKO*

[Indikimba kaMfowethu William Branham kuLuka 24:1-32 ifundwa nguMfowethu Orman Neville—Umhl.]

*Kepha ngosuku lokuqala lweviki, kuntwela ngenzansi, bafika ethuneni, bephethe amakha ababewalungisile, namanye kanye nabo.*

*Bafumana itshe ligingqiwe ethuneni.*

*Kuthe bengena, abasifumananga isidumbu seNkosi uJesu.*

*Kwathi, besasambathekile yilokho, bheka, nanko amadoda amabili emi ngakubo enezingubo ezicwebezelayo:*

*Besesaba, bekhothamela phansi ngobuso, athi kubo, Nifunelani ophilayo kwabafileyo na?*

*Kakho lapha, kepha uvukile: khumbulani ukukhuluma kwakhe kini eseseGalile,*

*Ethi, INdodana yomuntu imelwe ukukhashelwa ezandleni zabantu abayizoni, ibethelwe, ivuke ngosuku lwesithathu.*

*Bawakhumbula-ke amazwi akhe,*

*Base bebuya ethuneni, babika konke lokho kwabayishumi nanye, nakubo bonke abanye.*

*KwakungoMariya Magdalena, noJowana, noMariya unina kaJakobe, nabanye ababe kanye nabo, babatshela abaphostoli lokho.*

*Kepha lawo mazwi aba njengokukhuluma okuyize kubo, kabaze bakholwa yibo.*

*Khona uPetru wasuka, wagijimela ethuneni; wakhothama, wabona izindwangu zizodwa, wamuka, waya ekhaya emangele ngokwenzekileyo.*

*Futhi, bheka-ke, ababili babo babehamba ngalona lolosuku baya emzaneni othiwa iEmawuse, ukude neJerusalema amastadiyu angamashumi ayisithupha.*

*Babekhulumisana omunye nomunye ngazo zonke lezizinto ezehlakeleyo.*

*Kwathi, ukuthi, besakhuluma bebuzana, uJesu uqobo wasondela, wahambisana nabo.*

*Kepha amehlo abo abebambekile ukuba bangamazi.*

*Wathi kubo, Zindaba zini lezi enikhuluma ngazo omunye nomunye, nihamba, futhi ninyukumele na?*

*Omunye, nguKleyophase igama lakhe, waphendula, wathi kuye, Wena uyisihambi eJerusalema, ungoyedwa ongazazi izinto ezenzekileyo khona ngalezi zinsuku na?*

*Wayesethi kubo, Zinto zini na? Bathi kuye, NgoJesu waseNazaretha, obengumprofethi onamandla ngesenzo nangezwi phambi kukaNkulunkulu nabantu bonke:*

*Ukuthi abapristi abakhulu nababusi bethu bamkhaphela ukunqunyelwa ukufa, baze bambethela esiphambanweni.*

*Kepha thina-ke besethemba ukuthi nguye ozakuhlenga uIsrayeli: kodwa phezu kwalokhu konke, sekulusuku lwesithathu lezizinto zenzekile.*

*Yebo, nabesifazane abathile bakithi basethusile, ababeyile ethuneni ekuseni;*

*Kuthe bengasifumani isidumbu sakhe, bafika, bathi, babone nombono wezingelosi, zithi uyaphila.*

*Nabathile babakithi baya ethuneni, bakufumana kunjalo njengokuba beshilo abesifazane: kodwa yena uqobo abambonanga.*

*Wayesethi kubo, O nina eningaqondiyo, nenilibele enhliziyweni ukukholwa yikho konke abakushilo abaprofethi:*

*UKristu ubengamelwe yini ukuhlupheka ngalokho, aze angene enkazimulweni yakhe na?*

*Wayesethathela kuMose nakubaprofethi bonke, wabachasisela emibhalweni okuqondene naye.*

*Base besondela emzaneni, ababeya kuwo: yena washaya sengathi udlulela phambili.*

*Bamncengisisa, bathi, Hlala nathi: ngokuba sekuzakuhlwa, nemini isiyadlula. Wayesengena wahlala nabo.*

*Kwathi, esehlezi nabo ekudleni, wathabatha isinkwa, wabonga, wasihlephula, wabanika.*

*Amehlo abo ayesevuleka, bamazi; wayesenyamalala kubo.*

*Bathi omunye komunye, Inhliziyo yethu ibingavuthi yini phakathi kwethu, lapho ekhuluma kithi endleleni, nalapho esivulela imibhalo, na?*

2 Ngiyabonga, Mfowethu Neville. Futhi u "busuku obuhle," kini nonke.

3 Kube wusuku olukhulu kimi, lolusuku. Lube lukhulu ngezindlela eziningi. Kunjalo, sengimdala kancane, namuhla, ngakho-ke kukwenza kukhule kancane, futhi ngiba neminyaka emikhulu. Kodwa ngi...Kube wusuku olukhulu ngoba

yiPhasika. Futhi, manje-ke, usuku olukhulu ngoba okuthile kwenzekile kimi ngalolusuku, enginakho, engingasoze ngakukhohlwa. Kwakuyisifiso esafika enhliziyweni yami. Ukuthi ngi . . .

4 Impilo yami yonke bengilokhu ngizibuza ngezinto, nokuthi ngazalelwani kulelizwe.

5 Manje-ke bengicabanga nje, kulokhukusa, ngenkathi bengikhuluma ngoMose. Futhi, yena, yini okumelwe ukuba yafika engqondweni yakhe lapho ezwa ukuthi wayengumHeberu! Kungani uNkulunkulu eke amvumele ukuthi akhuliswe esigodlweni sikaFaro, bese-ke ethatha indawo, indawo esohlangothini olungemuva logwadule, ukuthola ayezokwenza empilweni na?

6 Futhi bengihlale ngizibuza, njengomfana, kanjani ukuthi uNkulunkulu, ezinsukwini zakuqala, ubekhuluma kanjani kimi. Ngase-ke ngiyazibuza ukuthi kungani Avumela lesosithombe ukuba sithathwe. Ngiyazibuza ukuthi kungani Akwenza eJalimane naseFinland. Ngike ngazibuza ukuthi kungani zonke lezi zinto zenzekile. Angikholwa nje ukuthi kwakungenxa yokuthi . . . Isizathu, angisiyena umshumayeli; Anginayo imfundo. Anginalo ikhono lokuba umshumayeli. Kufanele kube yinto ethile ehlukile. Ngikholwa ukuthi abantu bakaNkulunkulu basebugqilini. Ngikholwa ukuthi basebugqilini ngenxa yesiko lomuntu. Futhi, namhlanje, sinamashumi ezinkulungwane ezifa nsuku zonke, ngezifo isayensi yezokwelapha engeke yazithinta, futhi bangabantwana bakaNkulunkulu. Futhi ngiyakholwa . . . ngi—ngingahle ngingaphili ukuze ngikubone. Kodwa ngikholwa ukuthi liyeza ihora, futhi okungenzeka ukuthi masinyane seliseduze, ukuthi uNkulunkulu uzokwenza okuthize ngalendlela, ukufakazisa ukuthi UsenguNkulunkulu uSomandla. Ngi—ngiyakukholwa. Ngikubonile, ngesilinganiso, kodwa ngikholwa ukuthi bekuyisilinganiso esincane kulokho esizokubona.

Manje, ngizohamba ekuseni, okwesikhashana sokuphumula.

7 Okungukuthi, mina, namhlanje, mina kulawo manzi . . . ngabhaphathiza, izikhathi eziningi, kodwa ngigodola kakhulu namuhla kunangesikhathi engike ngagodola empilweni yami. Ngigodole kakhulu kwaze kwanzima nokukhuluma. Bekungenxa nje yoku "gijima ushone phansi." Bengilokhu ngihamba kusukela ngoKhisimusi, noma ngemva ngqo nje kukaKhisimusi, cishe ubusuku bonke. Futhi anginawo amakhaza amabi, kodwa nje ngibuthakathaka futhi ngagijima ngashona phansi.

8 Ngehlela echibini, kusasa, uma iNkosi ithanda, ukuyothatha izinsuku ezimbalwa zokuphumula. Ngizobuya, iNkosi ithanda, ezinsukwini ezimbalwa. Futhi sizohlangana ndawonye futhi,

ngaphambi kokuba ngiphumele ezinkonzweni, uNkulunkulu ethanda, okucishe nje kube yishumi, cishe izinsuku ezingamashumi amabili kusukela manje.

9 Bese-ke ngibuyela emuva, nenyanga egcwele, ezifundazweni zaseNew England. Ngiyabuya . . . Leyo yinyanga yonke kaMeyi, enezinsuku ezimbili, izinsuku ezimbili noma ezintathu zokuphumula.

10 Bese kuthi-ke ukusuka lapho, angisenazo nhlobo ezinye, cishe izinsuku ezinhlanu, ngize ngiye e-Afrika. Konke kukuyo yonke inyanga kaJuni.

11 Futhi kuzoba nzima. Ngizoncika kulelibandla elincane, laba bantu, bengikhulekela; ngokuba ngiyawudinga, ngiyawudinga kabi kakhulu.

12 Futhi, niyazi, akekho oyoke azi, lolu hlangothi lweNkazimulo, ukuthi konke bekuyini, nokuthi imizabalazo enjani ebengifanele ngedlule kuyo. Angikutsheli abantu. Asikho isidingo sokukutshela abantu. Abakuqondanga. Nami angikuqondi. Kuyinto ethile nje, uvele uqhubeke nje, uvele uqhubekele phambili nje.

13 Manje, ukuze abantu abamiyo bangeke badingeke bame isikhathi eside, ngikhethe okwendikimba, kulobubusuku, lendikimba, njengoba uMfowethu Neville esanda kufunda uLuka 24, wovuko. Indaba yami kulobubusuku ithi: *Ubufakazi Bovuko*. Futhi manje, ngenkathi efunda, bekukhona izinto ezimbalwa Akhulume ngazo, lapha, engingathanda ukubhekisela kuzo. Futhi lokho ngukuthi, okokuqala, ukuthi laba abaya ethuneni, kuqala, ekuseni.

14 Manje, akunandaba ukuthi Wafa kangakanani, nokuthi ukufa kwaKhe kwakudabukisa kanjani, uma kwakungekho ukuvuka, Wayengumuntu nje owafa. Niyabo?

15 Kube khona amadoda amaningi amakhulu ezweni lethu—lethu, azenzele ukuzisho okukhulu.

16 Isibonelo nje, uConfucius, isazi sefilosofi saseShayina esikhulu, wafa cishe eminyakeni engamakhulu angamashumi amabili nantathu edlule.

17 UBuda, umprofethi-nkulunkulu omkhulu waseJapani, naye wafa cishe eminyakeni engamakhulu angamashumi amabili nantathu edlule; wenza izinkulumo ezinkulu, kodwa wafa. Futhi uhlala ethuneni.

18 Nango uMohamede, inhlanhla yokuba sethuneni lakhe, lapho, iminyaka eyizinkulungwane ezimbili, ihhashi elimhlophe liye lama ethuneni lakhe; beshintsha onogada njalo emahoreni amane, belindele ukuthi uzovuka ngolunye usuku, futhi agibele izwe ehle, futhi alinqobe. AbakaMohamede, okuyinkolo enkulu kunazo zonke ngenani, emhlabeni. Bangaphezulu ngokwenani

kunawo onke amaKristu, amaKatolika, ehlanganiswe ndawonye. Kodwa, nokho, uMohamede usethuneni.

19 Futhi zonke lezi zinkolo, uma sisho ukuthi, "UJesu uvukile kwabafileyo," zithi, "Kufakazele." Futhi sithi, "Awu, Usenhliziyweni yethu." Bathi abasunguli babo basenhliziyweni.

20 Kodwa ngijabula kakhulu ngokuthi uJesu wasishiyela isisekelo esiqinile, esiyidwala sovuko lwaKhe. Asidingeki sizibuze. KuyiQiniso. Okumangazayo ngukuthi, ukuthi, abantu abaningi kakhulu akakuboni. Futhi ngike ngazibuza lokho. Futhi, kulobubusuku, ngizozama ukusondela kukho ngomBhalo.

21 Manje, uma niqaphela, laba babesethuneni, ngovivi. Bahlangana namaDoda amabili, okwakuyiziNgelosi ezembethe izingubo ezikhazimulayo, ezathi kubo Waye . . . "Nimfunelani ophilayo—ophilayo phakathi kwabafileyo na?" Babeye ethuneni futhi bafumana ukuthi Wayengekho lapho. Base Bebuza lombuzo ophawulekayo, "Nimfunelani ophilayo kwabafileyo na? Futhi Wathi, ngenkathi . . . Lezizinto Anitshela zona, ngenkathi wayeseseGalile."

22 Manje, mhlawumbe ungahle ufunde ngaphezu kwalokho, kodwa ake sitadishe lokho isikhashana. Wathi, "Wanitshela lezizinto ngenkathi wayeseseGalile." Kungani bengakuqondanga na? Kungani bengakutholanga na?

23 Futhi nakhu okunye ukubaluleka okukhulu kukho, ukuthi, Laba abamtshela lokhu, noma abatshela laba bafundi, wayesethuneni. Kumelwe ukuthi babekade benaYe futhi eGalile, ngokuba Babekwazi lokho uJesu ayebatshele khona ngaphambi kokubethelwa kwaKhe esiphambanweni. O, into ebusisekile kanje pho! Niyabo, labobafundi babengazi ukuthi lezoziNgelosi zazilapho, kodwa ngobufakazi Zazilapho, ngoba Zathi, "Akanitshelanga yini lokhu ngenkathi WayeseseGalile na?"

24 Futhi lokho kugcwalisa lokho okwashiwo umBhalo, ukuthi, "Izingelosi zikaNkulunkulu zikanise ngakulabo abaMesabayo."

25 Futhi kuyinto enkulu kanjani leyo, ukwazi ukuthi, kulobubusuku, khona kulesi sakhiwo, kukhona iziNgelosi zikaNkulunkulu eziqaphile. Futhi Zazi wonke amazwi esiwashoyo, nakho konke esikwenzayo.

26 Futhi nabu ubufakazi bangokomBhalo bakho. Wathi, "Akanitshelanga lezizinto ngenkathi WayeseseGalile na?" Wathi, "Khumbulani ukuthi Wanitshela lezizinto." Lelo gama, "khumbulani," lelo yigama elimangalisayo.

27 Futhi, o, into edabukisa kangaka ezoba yiyo kwabalahlekile, ukuthi emva kokuba sebekubeke uphawu ukulahlwa kwabo, futhi emva kokuba sebezwile intshumayelo yabo yokugcina, futhi ukuba ngaleya esihogweni sikadeveli, belahlekile,

futhi bengenalo nhlobo ithuba lokuphenduka; ukukhumbula amathuba abawanqabile.

28 Wena uthi kimi, khona-ke, "Mshumayeli, ngabe kukhona ukukhumbula esihogweni na?" UJesu wathi kwakukhona. Wathi isicebi esaphakamisa amehlo aso, esihogweni, futhi sabona u-Abrahama, noLazaru esifubeni saKhe. "Futhi wathi, 'Khumbula, esikhathini sakho sokuphila . . .'" Kukhona inkumbulo.

29 Futhi kanjani, abalahlekile, into embi kangakanani leyo okuyoba yiyo, ukwazi ukuthi imihlangano emikhulu ababekade behleli kuyo, futhi babezizwile izintshumayelo ezinamandla zabefundisi abagcotshiweyo bakaNkulunkulu; hhayi lokho kuphela, kodwa ukubona izibonakaliso nezimangaliso ezigcotshiwe uNkulunkulu ayezenzile phakathi kwabantu; bese kuthi-ke ukukhumbula zonke lezi zixwayiso, futhi nokho ulahleke. Ngani, kuyobahlupha ingunaphakade.

30 Ngemva kokufa kukaJesu, iBhayibheli liyasitshela, ukuthi, "Wahamba futhi washumayela emiphefumulweni eyayiboshiwe, engaphendukanga ekubekezeleni kwezinsuku zikaNowa." Nokubakhumbuza ukuthi uNowa, no-Enoke, nabaprofethi abakhulu bezinsuku zabo, bafakaza ukuthi kwakuzofika uMesiya, futhi bawenqaba uMlayezo.

31 O, kuyoba yinto embi kabi kabi, mngane wami olahlekile, ngawe, ngalolosuku, ukukhumbula. Uma ufa, lapha, imisebenzi yakho iyakulandela. Futhi iyokuhlupha ePhakadeni, noma ikubusise ePhakadeni.

32 Kodwa, khumbula, kufanele kube yinto enkulu kanjani, nenjabulo, kulabo abasindisiwe, futhi abangaletha, ukubhekana namaqiniso, lezi ziNgelosi ezisesakhiweni kulobubusuku, ukukhumbuza ngemihlangano emikhulu kanye nezikhathi ezimnandi, nenjabulo enkulu esibe nayo ndawonye. Kufanele kube yisikhathi esinjani esingaphambili, kuwo womabili amaqembu, omabili asindisiwe nangasindisiwe!

33 UNkulunkulu unguNkulunkulu omuhle. Uyabekezela kakhulu! Ugcwele kakhulu ububele, nobumnene, nokukhuthazela! "Akafuni ukuba kubhubhe namunye." Futhi Wenze konke okungenziwa, ukuze abantu bangabhubhi. Kodwa bayobhubha, noma kanjani, ngoba abakholwa.

34 Manje, sithatha isifundo sethu, kulobubusuku, ukubona amadoda amabili, emva kokuvuka. Futhi abaningi babefikile futhi babika ngethuna elingenalutho, babethi umzimba waKhe wawungekho lapho. Nabanye besifazane babeshilo ukuthi babone umbono weziNgelosi, ezibatshele ukuthi, "Uvukile kwabafileyo." Futhi, nokho, nawo wonke lomlayezo, nokho lababantu abakholwanga, futhi badangala, bebuyela ekhaya.

35 Futhi ukucabanga, ngePhasika lokuqala, ukusa kwePhasika kokuqala okuhle kwasentwasahlobo, uJesu ephila phakathi

kwabantu, futhi laba behamba, bedangele, behamba endleleni, benezinhliziyo ezidabukileyo, futhi baphazamiseka ngokubethelwa. Futhi lapho behamba, sithola ukuthi kwakukhona uMuntu Owaphumela eceleni komgwaqo wase eqala ukuhamba nabo. Futhi babengazi ukuthi WayeNgubani, ngoba umBhalo uthi amehlo abo ayekade ebanjiwe.

36 O, nakhu lapho engifuna ukuthi nibone khona. Kwakungesikho nje lokhu kuphela okwenzeka, kodwa kwakuyisiprofetho, nethunzi lento eyayizokwenzeka.

37 Niyazi, iNkosi yethu ebusisiwe ayikaze yenze lutho ukuze nje izithole ngayo. Konke Eyayikwenza kwakunencazelo. Konke Ayekwenza kwakuPhakade; akuzange kufe; wonke umnyakazo, wonke umnyakazo, lonke iZwi. O, ngiyajabula kakhulu ngalokho. Ungabethela nje kukho, nakho konke okukuwe, futhi kuzobonakaliswa.

38 Kwathi besahamba endleleni, kwaphuma iNdoda engaziwa. Futhi bona, Ya—Yathi kubo, "Kungani nidabuke kangaka na?" Kufanele ngabe bajabule. Yathi, "Kungani nidabuke kangaka na? Futhi ndaba zini enizikhulumayo na?" Futhi Yathi . . .

39 BaYiphendula, "Wena uyisihambi eJerusalema na? Awuzazi izinto ebeziqhubeka na? BesinoMprofethi oGama linguJesu waseNazaretha. Futhi sethembele kuYe, ukuthi Uyakuba nguMkhululi. Kodwa lolu lusuku lwesithathu; futhi abantu bakithi baMbethela."

40 Base baqala ukuxoxa indaba yalokho okwakwenzekile, ukuthi Wayefe kanjani, ukuthi babeMlindele kanjani ukuba abe nguMkhululi omkhulu, kodwa ukuthi lowoMprofethi kaNkulunkulu oPhezukonke wayengama kanjani lapho edatshukelweni, nesikhwehlela ebusweni baKhe, futhi avumele isosha limzongolozele ngendwangu ekhanda laKhe, futhi liphuphuthekise amehlo aKhe, futhi liMshaye ekhanda ngenduku, futhi lithi, "Manje profetha, Wena oprofethayo, futhi usitshele ukuthi ubani oKushayile. SizoKukholwa." Lokho kwakungaphezu kwalokho abantu abebengakuqonda. Babecabanga ukuthi uMesiya wayeyoba into ehlukile kulokho.

41 Futhi uma leso kungesona isithombe seqiniso, namhlanje. Abantu balindele ukuthi uMbuso kaNkulunkulu wehluke kulokho Oyikho ngempela. Balindele ukuthi Ufike ngobuhle. BaWulindele ukuthi uphile edolobheni laseVatican noma isonto elikhulu elithize. Kodwa ngenxa yokuthi UWuletha phakathi kwesigejane sabampofu, abangafundile, abantu abanezinhliziyo ezithobekile, Uphuphuthekisa amehlo abahlakaniphileyo nabanokuqonda.

42 O, inhlekisa engaka kulowo wesifazane ukuba athathe futhi aklolode, egeza izinyawo zaKhe ngezinwele zakhe, njengoba kwenza ikholwa leqiniso. Kuyinhlekisa kanjani ukuMbona elenga lapho esiphambanweni, nezandla zaKhe

zibethelwe esiphambanweni, nokuzwa umpristi omkhulu, ethi, "Manje, uma uyiNdodana kaNkulunkulu, yenza isimangaliso lapha. Donsa izandla zaKho ziqaqeke nje, futhi wehle esiphambanweni, futhi sizoKukholwa."

43 Manje, emqondweni womuntu wemvelo; umuntu wenyama, indoda yebandla, umzenzisi. Ngoba, ibandla ngalinye liphethe izinhlobo ezintathu ezehlukene zabantu, lokho ngukuthi: ikholwa leqiniso, nomzenzisi, nongakholwayo. Ibandla ngalinye linazo.

44 Nokucabanga ukuthi loMuntu, Owayevule amehlo empumputhe, wavula izindlebe zezithulu, futhi wayevuse umuntu kwabafileyo, owayesenezinsuku ezine efile, futhi wayengenza izinkulumo ezinjalo Azenzayo; bese-ke elenga lapho, nesikhwehlela ebusweni baKhe, futhi avumele umpristi omkhulu aMgcone futhi aMtshele izinto ezinjalo, futhi Akazange avule umlomo waKhe futhi aphendule nezwi, empikiswaneni. Ngokuba Wathi, "Ngenza lokho okuhlala kuthokozisa uNkulunkulu." Futhi kwakumthokozisa uNkulunkulu ukuba lokho kwenzeke.

45 Manje siMbhekisisa imizuzu embalwa. Manje, laba bafundi, babengaqondi ukuthi kungani lokhu kufanele kwenziwe. Ngakho-ke lapho besahamba futhi beqala ukuxoxa indaba, uJesu wayesebamisa-ke. Niyabo, Wabonakala kubo ngenkathi babekhuluma ngaYe.

46 Futhi kungalesosizathu Engabonakali kubantu abaningi bebandla, namuhla, abakhulumi ngaYe ngokwanele. Ibandla lihlezi likhuluma ngezinto ezinkulu abazenzayo, iphathi ethize enkulu yezenhlaliswano, noma ipikiniki ethile abazoya kuyo, noma into ethize entsha abazoyenza, eminye yemiphakathi. Ibandla lithwele kanzima ngemiphakathi, lize lingabi nayo indawo kaKristu.

47 IBandla langempela lihlezi lingenamthwalo kuyo yonke lemiphakathi, futhi liphendula yonke into ibe umhlangano womkhuleko, labo abaMaziyo nabaMthandayo.

48 Futhi nakhu la Wayekhona. Babekhuluma ngaYe ngenkathi Ebonakala.

49 Uma singayeka ukukhuluma ngomakhelwane bethu, futhi siyeke ukukhuluma ngabazenzisi ebandleni, futhi sikhulume kakhulu ngoJesu, singaba nokubonakala okuningi kukaJesu; ekhuluma ngamaphutha omshumayeli, ekhuluma ngamaphutha enye into. Futhi khuluma nje ngoJesu, kuyoba nezinto eziningi ezenzekayo.

Manje, kwathi besakhuluma, Wabonakala.

50 Bese kuthi-ke, qaphelani, uma Ebonakala, Akaqali ukuchema nawe. "O, kunjalo. *Lokhu* kufanele kukhishwe. Futhi

*lokhu* kufanele kube nomelusi omusha. Noma, *lo* makhelwane ukonile."

51 Niyabo, kwathi nje Ebonakala, Uqala ukushumayela iZwi. Inceku kaNkulunkulu yangempela ihlala njalo iya eZwini. Wathi, "O nina eningaqondiyo, nenilibele enhliziyweni ukukholwa yibo bonke abaprofethi abakushilo ngoKristu." Niyabona ukuthi, lokhu, Ukungenise kanjani na? "Ingabe nilibele futhi ningabangaqondiyo, kangangokuthi anikholwanga okwashiwo ngumprofethi na?"

52 Ukube-ke Ubeyobonakala, kulobubusuku na? Ngingathanda nje ukubuza lokhu. Ubeyokwenzani eTabernakele likaBranham, kulobubusuku na? Ingabe niyalibala enhliziyweni na?

53 Ubeyokwenzani eJeffersonville, kulobubusuku, lapho iVangeli selishunyayelwe khona iminyaka engamashumi amabili nanhlanu; izibonakaliso nezimanga, nezimangaliso, into engangabazeki na? Izinto ezingakaze zenziwe selokhu uJesu ahamba emhlabeni, zenziwa nsuku zonke. Abagulayo bayaphulukiswa, izibonakaliso nezimanga zenziwe. Iziprofetho ezinkulu zenziwe, ezingasoze zehluleka. IVangeli lishunyayelwa ngaphandle kokuyekethisa, futhi noma kunjalo amabhara namabhara aletha umculo agcwele kulobubusuku, eJeffersonville. O, singalubalekela kanjani ulaka lukaNkulunkulu na?

54 Sengikushilo lokhu izikhathi eziningi, futhi ngiyakusho namanje, kulobubusuku. Ukube uNkulunkulu ubengasiyeka sihambe ngaphandle kokujeziswa, ubeyoba nguNkulunkulu ongenabulungiswa. Bekuyomele avuse iSodoma neGomora, futhi axolise kubo, ngokubacwilisa ngento efanayo esiyenza nsuku zonke, futhi iba yimbi kakhulu. Nakuba, babeyisigejane sabantu abangabahedeni, kodwa sifanele sibe yisizwe samaKristu.

55 Futhi lapho Ekhuluma nabo, futhi eqala ukubachazela imiBhalo, futhi kwakungesikho nje kuphela ukuthi Wayebambambatha emhlane nje futhi ebanikeza imfundiso ethile yengane encane, kodwa Wayebakhuza, futhi wathi, "Nina eningaqondiyo, futhi nilibele enhliziyweni. Nikungabazelani lokho umprofethi akusho na?" Niyabona ukuthi Washonaphi na? Ngokuqondile emBhalweni.

56 Futhi baqala ukuqaphela nokulalela. Wathi, "UKristu ubengafanele yini ukuba avuke ngosuku lwesithathu, futhi angene eNkazimulweni yaKhe na?" Futhi lapho Esahamba, usuku lonke gulukunqu, ekhuluma, kepha bona abaMazanga, ngokuba amehlo abo ayebambekile. Ayezobe evaliwe, futhi abakwazanga ukuMbona, noma, ukuMqonda.

57 Manje, nakhu lapho engifuna ukufika khona, engifuna nikubone. Lowo kwakuwumlayezo wokuqala ngemva kovuko.

Futhi lapho Esahembe nabo usuku lonke, abazange baMazi. Nokho, Wayenabo, kodwa Yena uqobo lwaKhe wayevale amehlo abo. Kodwa lapho sekufika ekushoneni kwelanga, futhi uJesu wenza sengathi Uzobadlula.

58 Uma kungesikho ncamashi nje lokho Asekwenzile futhi kulezizinsuku zokugcina, ekushoneni kwelanga. Nikuqaphelile lokho Akunika ibandla ngaleyonkathi, usuku lonke na? Ukushumayela iZwi nje. Akazange enze nesisodwa isibonakaliso noma isimangaliso. Akazange asho lutho kodwa wavele washumayela iZwi ngovuko lwabafileyo, lokho okwashiwo ngumprofethi. Yilokho Akwenzile kusukela ezinsukwini zokumuka kwaKhe, kuze kube yilolu suku lokugcina. Kodwa manje, o, malibongwe iGama laKhe, ilanga liyashona, futhi Wenza sengathi Akazukuma.

59 O, ngingacabanga ngoFanny Crosby ngenkathi ekhala, "Ungangedluli, O Msindisi omnene."

60 Futhi lababafundi bathi, "Woza futhi uhlale. Hlala nathi ebumnyameni ngoba sekuyahlwa." Futhi Wenza sengathi Wayeqhubeka, kodwa baMcindezela. Ngamanye amazwi, baMncenga. O, ukube besinolunye uhlobo lwabantu abancengayo!

61 Dadewethu, mfowethu, uyazi ukuthi iBhayibheli lathi nje ukuba uMoya oNgcwele ubeke uphawu labo ababubulayo nabakhala ngezinengiso ezenziwa emzini na? Manje, ngifuna ukukubuza umbuzo. Senza amadlingozi amaningi kakhulu phezu kwemibono yethu yezenkolo, kodwa ubani osedolobheni, kulobubusuku, eJeffersonville, okhathazeke kakhulu ngezwe elilahlekile, ngalolusuku lokugcina, ukuthi baze bachithe ngisho imizuzu engamashumi amathathu, ubusuku, bekhulekela izono zedolobha na? Kodwa ngokomBhalo, iNgelosi kaNkulunkulu yayibeka uphawu kuphela labo ababubulayo futhi bakhalele isinengiso.

62 Asisenandaba. Sifuna nje ukwazi ukuthi singaba nesikhathi esimnandi. Sifuna ukwazi ukuthi singaba nomphakathi omncane ebandleni lethu. Sifuna ukwazi ukuthi sine— ivoti elizayo, lapho sekufika isikhathi sokukhetha umelusi olandelayo. Sifuna ibandla lethu libukeke lingcono kancane kunebandla lomfo oseduze. Lowo ngumqondo walelizwe namuhla. Akakho oncengayo, "O Nkosi Nkulunkulu, woza kimi masinyane, funa ngibhubhe. O, ungangedluli, O Msindisi. Ubunamandla onke. Wena Osendaweni yonke, woza futhi uhlale enhliziyweni yami, O Nkosi." Kunzima ngisho ukuthola owesilisa noma owesifazane ukuthi aphakamise isandla sabo, ukuba amukele iNkosi uJesu njengoMsindisi. Ibhetshi elidala lokulila selikhishiwe. Akusekho kukhala izinyembezi. Akusekho kukhala e-altare.

63 Cabanga nje, ngenkathi uCharles G. Finney, umshumayeli weVangeli nje, ummeli omncane ophendukile, umfo omncanyanyana obukeka omile, wayehlola ukukhala kwezinsimbi esakhiweni. Futhi wathi, "Phendukani, noma nibhubhe." Nendoda eyayihlezi endwaneni esesicongweni sophahla yaquleka yawa. Wama kuvulandi osesitezi wesakhiwo eNew England washumayela isihogo kwabalahlekile. Futhi ngenkathi edazuluka kakhulu, "Nizobhubha uma ningaphenduki," amadoda aquleka, nabesifazane, futhi bawa ezitaladini.

64 Kodwa, namuhla, ungashumayela ukuphenduka nesihogo somlilo nesibabule, futhi abantu bazokuhleka lokho. Yini indaba na? Izinhliziyo zethu ziyabanda. Asinandaba. Sinokuningi kakhulu. Sidinga okuncane kwezwe nokuningi kukaNkulunkulu. Izinhliziyo zethu zibanda kakhulu. Siba nokukhathalela emadlingozini athile. Siba nokukhathalela, "Uma—uma singasina; uma singamemeza." Ngiyakholelwa kukho. "Uma singakhuluma ngezilimi." Ngiyakholelwa kukho. Ngikholelwa kukho nokuncu kwalokho. Kodwa uma sinalokho, futhi singenawo lowomoya okhathazanayo, okhalayo, nowephukile, uNkulunkulu akasoze awusebenzisa. Lezo zinto zilungile, kodwa kufanele sibe nokunye esizohamba nakho. Sishiye into esemqoka, futhi saya kokwesibili; futhi awusoze wakwenza okukhulu kokuncane. Siyakwazi lokho.

65 Ngisho nasemihlanganweni yethu uqobo, imihlangano yethu uqobo sinokuningi endaweni kunokuningi kakhulu ekuphiliseni ngokukaNkulunkulu, esikhundleni sokuphulukiswa komphefumulo. Mfowethu esikudingayo namuhla yimvuselelo yokwuhlukanisa, imiphefumulo ivutha ngoNkulunkulu. Engikuqondile, "ivutha," kuphansi e-altare, nezinyembezi zehla ezihlathini zabo. Hhayi imizuzu emihlanu, bese usukuma bese ukukhohlwa. Kodwa ephandle ezama ukubuyisela abalahlekile kuKristu futhi; umthwalo enhliziyweni yabo.

66 Nkulunkulu, thatha zonke izinjabulo zezwe, nakho konke kwakho okusengcupheni, konke okwakho okukungqabashiya, futhi ubeke umthwalo enhliziyweni yami ngabalahlekile, kuyoba umkhuleko wami.

67 BaMcindezela. "O Nkosi, asazi ukuthi Wena ungubani, Mnumzane, kodwa siyakuthanda ukushumayela kwaKho. Ngena, futhi uhlale nathi ubusuku bonke." NoJesu wangena. Ehamba nabo, kepha bona abaMazanga. Futhi uma Eke wangena . . . Kungahle kube yiqhugwane elincane, kodwa akukho lutho oluthobeke kakhulu kuYe.

68 Wena uthi, "Awu, Mfowethu Branham, ngiyikhehla." Angikhathali ukuthi umdala kangakanani. "Ngingumntwana nje." Lokho akunandaba ukuthi umncane kangakanani. "Ngimpofu kakhulu. Ngigqoke ama-ovaroli." O, ukuba

ubunesaka lotshani likusongile, bekungeke kwenze mehluko kuNkulunkulu. Mcele nje. Wena umkhulu emehlweni kaNkulunkulu. Ungahle ungabi kakhulu emehlweni omuntu, kodwa wena umkhulu emehlweni kaNkulunkulu. Ungomunye wezikhonzi zaKhe.

"Ngena futhi uhlale nathi."

69 "O, angikwazanga ukuMcela ukuba angene kimi. Kade ngiyisidakwa. Bengiwumgembuli." Angikhathali ukuthi uyini. Mcele, futhi uthole. Uzoza ngesimemo sakho. Akakaze enqabe noyedwa. Futhi Akasoze enqaba noyedwa. Uyalangazelela futhi uzama ukungena ezinhliziyweni. Wena uthi, "Bengiyisifebe sasemgwaqeni." Angikhathali ukuthi uke waba yini. UNkulunkulu uzama ukusebenza indlela yaKhe enhliziyweni yakho.

Wena yithi nje, "Ngena, Nkosi, futhi uhlale nami."

70 Futhi qaphelani, usuku lonke gulukunqu, Ubekade eletha iZwi, kodwa kungekho zibonakaliso. Ngenkathi Ebangenisa phakathi, futhi wavala umnyango, wayesehlala phansi, o, mfowethu, kungalesosikhathi Embula ngaso uvuko lwaKhe. Asikho isikhathi, kusukela ekuseni lapho Ehlangana nabo, kwaze kwaba sekushoneni kwelanga, Wakwenza. Akazange enze neyodwa into Ayenza empilweni, kuphela nje iZwi. Kodwa qaphelani, ngesikhathi sokuhlwa, ngesikhathi sokuhlwa, kungaleso sikhathi Efakazisa ngaso uvuko lwaKhe.

71 Ake ngikusho lokhu ngentobeko. Ake ngikusho lokhu ngephimbo eliphukile, kodwa ngenhliziyo edabukile, futhi. Isikhathi sokuhlwa. IBhayibheli lathi, "Kuyoba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa. Kuyoba khona usuku, olungeke kube ubusuku noma imini," kwasho umphrofethi. Kuyoba nje ukuzwa iZwi, kungekho kubonakaliswa, usuku oluhwaqabele nje, olunenkungu. Kodwa ngesikhathi sokuhlwa, ukuKhanya kuzophinde kukhanye. Kuzoba ukukhanya. Futhi kulesisikhathi sokuhlwa esiphila kuso manje, lapho uKristu, ngabefundisi baKhe, eshumayele iVangeli iminyaka eyizinkulungwane ezimbili, kodwa lokhu izinkanyiso zokuhlwa. Izibani zokuhlwa kwakungukubonakaliswa kovuko.

72 Nini na? Babengazi ukuthi Wayevukile kwabafileyo. Nakuba babeMthanda, baMkholwa, kodwa babengazi ukuthi Wayevukile kwabafileyo. Babephikisana ngakho. Futhi manje, nakhu sekuyisikhathi sokuhlwa, UzozeMbula, ukuthi Uvukile kwabafileyo. Wakwenza kanjani na? Hhayi ngokushumayela iZwi; Wayesevele ekwenzile lokho, namanje abakholwanga.

73 Futhi iminyaka eyizinkulungwane ezimbili yokushumayela iZwi, ibandla namanje alikholwa. Kodwa ukuKhanya kwakusihlwa sekufikile, ukubonakaliswa kovuko.

74 Futhi Wabangenisa, futhi Wenza isimangaliso, noma wenza into njengoba nje Enza ngaphambi kokubethelwa kwaKhe. Bazi ukuthi kwakunguYe. Amehlo abo avuleka.

75 Futhi Wanyamalala, masinyane. Qaphela, kwakungumlayezo omfushane. Wawungemude kakhulu. Akahlalanga isikhathi eside kanye nabo. Wavele Wazibonakalisa, wase enyamalala emehlweni abo. Namehlo abo avuleka futhi bazi ukuthi lowo kwakunguYe.

76 Futhi bathi, "Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu, lapho Ekhuluma kithi endleleni na?"

77 Futhi, o, mfowethu, dadewethu, izinhliziyo zethu zivuthe kangakanani, phansi kwedlule eminyakeni. Sengibe ngumKristu manje cishe iminyaka engamashumi amabili nesikhombisa; qhabo, cishe iminyaka engamashumi amabili nesishiyagalolunye. Sengibe ngumshumayeli iminyaka engamashumi amabili nesikhombisa. Futhi sonke isikhathi, lapho ngifunda iZwi laKhe, lapho Ekhuluma nami, kuyamangalisa. Inhliziyo yami iyavutha, ukuzwa iZwi.

78 Kodwa manje iziBani zokuhlwa sezifikile. Ilanga liyashona. Impucuko ayisekho. Umhlaba usekugcineni. Manje Usebonakele futhi wenza okuthize phakathi kwethu, ukuze Azembule njengoKristu ovukileyo. Amehlo ethu a, yavuleka. Singabona ukuthi Uphila kuze kube nguna phakade. Ubufakazi bophudingi kungukudla khona-ke. Futhi lobo ngubufakazi bovuko. Uma uJesu wethembisa, iBhayibheli lenzile, "Unguye izolo, namuhla, naphakade," futhi Akakufakazeli lokho, khona-ke umBhalo unephutha. Phansi kwedlule eminyakeni sibe nazo zonke lezizimfundiso zomBhalo, kodwa lolu wusuku lokubonakaliswa, lokubonakaliswa kovuko.

79 Manje, benzani na? Lapho amehlo abo evuleka, bathi, "Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu na?" Futhi baphuthuma ngokushesha babuyela emuva, ukuyohlangana nabanye abantu babo. Futhi ababuyelanga emuva manje, behla nje ngomgwaqo, futhi bethi, "Awu, mhlawumbe bekungahle kube enye into." Kodwa babenethemba. Futhi baphuthuma kwababahambisana nabo uqobo, futhi bathi, "Ngempela, iNkosi ivukile, impela! Siyazi ukuthi Ivukile." Abazange bahambe beyophikisana nenkolo yabo. Bavele bahamba nje ngoba amehlo abo ayesevuliwe. BabeMbonile ovukweni lwaKhe.

80 Futhi kungaba yini into enhle kakhulu, kulobubusuku, mngane wami na? Yini engaba yinto ekhazimula kakhulu, kulobubusuku, ngalolusuku lwePhasika na? Ukubona lowoJesu ofanayo owavuka kwabafileyo, engena phakathi kwaleli elincane, elidala, itabernakele elithobekile lapha, elabiza thina ngaphansi kwamadola ayizinkulungwane ezintathu, eminyakeni engamashumi amabili edlule. Kungaba kanjani, kulendawo encane ethobekile, ukuMbona eza lapha, kulobubusuku,

futhi enze izinto Azenza ngaphambi kokubethelwa kwaKhe, ukufakazisa uvuko lwaKhe na?

81 Akakaze akwenze kuze kube yilezi zinsuku zokugcina. Manje Uyakwenza ngoba Wethembisa ukuthi Uyokwenza. Isikhathi sokuhlwa. IziBani ziyakhanya. UNkulunkulu uvula amehlo abantwana baKhe. Bona, benezinhliziyo ezilula, bagijimela emuva, "O, Uvukile, impela."

82 Manje, kunabantu kulesi sakhiwo, kulobubusuku, okungenzeka basuka eVirginia, nakuzo zonke izindawo ezweni. Futhi—futhi, noma akunandaba ukuthi uvelaphi, ungabuyela emuva nenhliziyo elula, ngalolusuku lwePhasika, uma uJesu ubengabonakala kuwe njengoba Enza kubo.

83 Mhlawumbe uye wahamba naYe isikhathi eside. Mhlawumbe uye waba ngumKristu iminyaka, kodwa awukawaboni nokho amandla aKhe ovuko lwaKhe ebonakaliswa. O, uma Ezokwenza kulobubusuku, ngabe uzoMemukela njengeNkosi evukileyo na?

84 Cabanga ngakho manje, sisakhothamisa amakhanda ethu umzuzwana nje ngomkhuleko. Bangaki abangathanda ukukhunjulwa kulomkhuleko na? Phakamisela isandla sakho kuNkulunkulu. UNkulunkulu akubusise.

85 Manje, Nkosi Nkulunkulu, abantu bamile, izitho zabo zinamajaqamba. Kodwa, o, bayaKuthanda. Bafikile, Nkosi, ngalolusuku lovuko. Bafikile, mhlawumbe, bevela ethuneni elidala elingenalutho ndawondawo, lapho abashumayela khona iVangeli elingenalutho, futhi bathi, "Awu, izinsuku zezimangaliso selwedlule." Yileyondlela abathola ngayo ithuna, ngoba Wayengekho. Wayevukile kwabafileyo.

86 Kodwa uKleyophase nomngane wakhe nabaningi abahamba nabo, kulobubusuku, bakuxoxile, endleleni. Kodwa, O Nkosi Jesu, ngalezizikhathi zokuhlwa, ngiyakhulekela ukuthi Uzobonakalisa uvuko lwaKho kulelibandla elincane, kulobubusuku. Fakazela laba, abami eduze, ukuthi Wena uthobekile. Okungukuthi, uma . . . Kungakhathaleki ukuthi kuthobeke kangakanani, Uzofika kunoma iyiphi indawo lapho Wamukelekile khona, lapho Ufunwa khona.

87 Futhi baningi lapha, Nkosi, abasweleyo. Abaningi bayagula futhi abaningi bayahlupheka. Abaningi bengenaWe, bengenaKristu, bengenaNkulunkulu, futhi bafuna usizo. Ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzozibonakalisa Wena uqobo, kulobubusuku, kulelitabernakele elincane, kanye futhi.

88 O Nkosi Nkulunkulu, Wena uyiphathe kahle inceku yaKho. Eminyakeni eminingi edlule, namhlanje, endlini encane endala yezingodo ebukeka ingalungisiwe, ngenkathi umama wami osemusha emuva lapho, cishe eneminyaka eyishumi nanhlanu ubudala, evula ifasitela, ngovivi, futhi nganikeza ukumemeza kwami okuncane kokuqala. O Nkosi Nkulunkulu, ngibonga Wena ngayo yonke iminyaka. Nginamahloni

ngezinto eziningi engizenzile ezingalungile. Ngiyakhuleka Ungithethelele. Futhi ukuzisola okukodwa engingakho, Nkosi, ukuthi angiKukhonzanga lapho ngiseyingane yomfana encane. Ngisize, Nkosi.

89 O Nkosi, uma ngifumene umusa emehlweni aKho, qinisa lomzimba obuthakathaka. Vuselela amandla ami. Vuselela amandla obusha bami, njengoba Wenza izinkozi, futhi ubeke ikhanda lami phezulu, Nkosi, nenhliziyo yami phansi, ukuze ngingahamba, Nkosi, nokho, futhi ngibonakalise uthando lwaKho kubantu. Ngiphe uthando olujulile, ukuzinikela okwengeziwe, okujulile, okugcwele ukuphila, ukuphila okugcwele, ukuze ngingaKukhonza.

90 Nkosi, bonakalisa amandla aKho kulobubusuku phakathi kwabantu, ngokuphulukisa abagulayo nabahluphekile, ufakaza ngovuko lwaKho. Futhi sizonikeza Wena udumo, eGameni leNkosi uJesu siyakucela. Amen.

91 Ngiyalithanda lelo, Dadewethu Gertie. Bangaki olaziyo, "Ingcwele, iNgcwele, iNgcwele, iNkosi uNkulunkulu uMninimandla onke"? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ake sithi ukulihamisha, ndawonye manje, kanye nje. Ngiyathanda . . . Bangaki abathanda lawo maculo emfashini endala na? ["Amen."] O, ungathatha bonke abancane bakho abanqunyiwe, u-Elvis Presley, umculo wodum-dumu, egameni lobuKristu, ungaba nakho. Nginike lawo ayimfashini endala, ashukumisa inhliziyo, amaculo othando eVangeli. Yebo, mnumzane.

> INgcwele, iNgcwele, iNgcwele, iNkosi uNkulunkulu wamabandla.
> IZulu nomhlaba kugcwele Wena,
> IZulu nomhlaba kudumisa Wena,
> O Nkosi ePhezu Konke.

92 Ingabe lokho akwenzi okuthile kuwe na? Dumisani nje manje, ndawonye nje, ngenkathi sisacula lelo futhi manje. Dumisa nje manje, kuNkulunkulu, yithi ukuzivalela nje, futhi udumise manje, njengoba sicula.

> INgcwele, iNgcwele, iNgcwele, iNkosi uNkulunkulu wamabandla.
> Izulu nomhlaba kugcwele Wena,
> IZulu nomhlaba kudumisa Wena,
> O Nkosi ePhezu Konke.

93 Nkosi Nkulunkulu oPhezu Konke, Wena wabeka ilanga emikhondweni yalo. Wena wabeka inyanga, izinkanyezi. Wena walinganisa umhlaba entendeni yesandla saKho, futhi waphephetha izinkanyezi. Wena unguNkulunkulu. Wena wamvusa uJesu kwabafileyo, eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye edlule, futhi waMkhombisa ephila, ukuze asinike lesosiqiniseko esibusisiwe, ukuthi silindele manje ukuFika kwaKhe Oyohlala esihlalweni sobukhosi

sikaDavide futhi uyobusa umhlaba ngokuthula nokulunga. Ngeke sisayifunda impi. Ngeke kusaba khona ukulamba noma usizi. Ngeke kusaba khona ukudabuka, ukufa kungasekho. Izinto zakuqala zizodlula. Futhi, O Nkulunkulu, kuseduze kakhulu impela!

94 Qinisa izinhliziyo zabantwana baKho. Siphe, kulobubusuku, izifiso zethu. Hhayi okungokwethu, Nkosi, kodwa ukuze sibe nobufakazi obusha enhliziyweni yethu bovuko lwaKhe. Ngiyayithobisa inhliziyo yami futhi ngicela Wena ukuba ungisize. Futhi izethameli zithobisa inhliziyo zazo futhi zicela Wena ukuba uzisize, ukuze sisonke sibone iNkosi evukileyo.

95 Ngena phakathi kwethu, Nkosi. Ngcwelisa lelibandla. Ngibiza umusa kaNkulunkulu. Nkosi, ungasahluleli. Asiceli ukwahlulelwa. Sicela umusa. Siphe umusa, O Nkulunkulu waPhakade, futhi ubonakalise uthando lwaKho noBukhona kanye nathi. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

96 O, ngizizwa kakhulu ngathi ngingadumisa. Inhliziyo yami ivele yagcwala nje! Yeka isiqinisekiso! UJesu uvukile kwabafileyo.

97 Akuyona indaba efana noSanta Claus. Uma ngisho okungalungile phambi kwabantwana benu, ngixoleleni; angikuqondile. Kodwa ngikholelwa ekutsheleni abantwana iqiniso. Niyabo?

98 Ngifuna ukwazi iQiniso. Bangitshela ngoJesu. Uma Engavukile kwabafileyo, khona-ke yindaba engaqondakali. Uma Engesuye izolo, namuhla, naphakade, khona-ke yindaba engaqondakali. Khona-ke, Angahle ukuthi ufile, uma Engazibonakalisi Yena uqobo ukuthi unguNkulunkulu ovukile.

99 Kodwa ngijabula kakhulu ukwazi ukuthi Uvukile kwabafileyo, futhi Uyaphila manje. Ulapha. Nalezi zihlabathi ezingcwele, njengoba ngikhulume ngazo kulokhukusa, akekho ongake akususe lokho enhliziyweni yakho. Kwangathi uNkulunkulu angavula amehlo akho, kulobubusuku, mhambi, futhi akwazise ukuthi iNdodana yaKhe ivukile kwabafileyo, futhi ilapha ukuba iZibonakalise.

100 Manje, ngibuze uBilly ukuthi bangaki ababezokhulekelwa. Ubengazi. Bangaki lapha abafuna umkhuleko, imizimba egulayo, phakamisani izandla zenu, esakhiweni sonke. Yonke indawo esakhiweni, lowo okufunayo. Kungaba kuningi kakhulu, niyabo, sekuphelile . . . Kuyizingxenye ezimbili kwezintathu zezethameli. Kungaba kuningi kakhulu ukuzama ukuletha umugqa womkhuleko. Asikwazanga ukukwenza. Ngimtshelile ukuthi anikezele ngamakhadi. Futhi sizozama ukubashayisa umugqa futhi sibalethe badlule, abaningi ngangokunokwenzeka. Futhi ngiyacabanga . . . Unika ikhulu na? Kulungile. Yebo, unikeze amakhadi ayikhulu, futhi isakhiwo asihlali ngaphezu kwamakhulu amabili namashumi amahlanu,

ngiqagele, noma into enjalo. Ngakho-ke, mhlawumbe, abaningi lapha . . .

101 Bangaki abangenalo ikhadi lomkhuleko, futhi ufuna uNkulunkulu akuphilise na? Phakamisani izandla zenu, yonke indawo esakhiweni, ongenalo ikhadi lomkhuleko. Cishe ingxenye yabo. Kulungile. Manje iyodwa kuphela indlela esemthethweni esingayenza.

102 Kukhona okuthile engqondweni yami. Kukhona okuthile okusenhlizweni yami. Angikwazi ukukusho ngize ngazi ukuthi ngikhuluma ngani. Ngiyakhuleka. Ngibambelele kuNkulunkulu. Ngibuyela emuva emuva kogwadule. Ngi—ngi—ngifanele ngihlangane noNkulunkulu futhi. Kukhona nje okuthile. Ngifanele ngingene kulezo zihlabathi futhi, lapho engangikhona eminyakeni embalwa edlule. Ngifuna ukukhuluma naYe. Ngi—ngiMbonile embonweni, kabili. Ngethemba ukuthi ngizoMbona futhi ngaphambi kokuba ngihambe. Kukhona okuthile engikuthole emiBhalweni. A—a—angazi. Bekusenhliziyweni yami. Futhi njalo uma ngikhuluma ngakho, kukhona okwenzekayo. Futhi nje ngi . . . ngise . . . ngi—ngisendaweni, angazi ukuthi ngenzenjani. Ngikholwa ukuthi lenkonzo enginayo manje iyashabalala, ukuthi kukhona okukhulu kunalokho okuzothatha indawo yayo. Kuleliviki elizayo noma amabili, ngiya ezihlabathini ezingcwele, uma ngingakwazi, ngemuva kogwadule, ukuze ngibone ukuthi ngingaxhumana yini neNkosi yami. Angikwazi ukuphumula, anginakuthula, ngize ngiMthole, ngize ngithole ukuthi lokhu kumayelana nani. Angikuqondi. Akakaze anginqabe namanje; Angikholwa ukuthi Uzokwenza ngalesisikhathi. Ngiyaqhosha. Ngiyakhuleka kuYe ukuba angisize.

103 Akukhona ukuthi a—a—angikufuni. He, ngingabuya lapha futhi ngishumayele, futhi ngiqhubeke manje. Ngicabanga ukuthi nginabangane abenele abangathi ukungisiza banginakekele. Akukhona lokho. Akuwona umqondo lowo. Lenkonzo enginayo, ngingaqhubeka, uma uNkulunkulu eyoba nami. Ngingaqhubeka.

104 Kodwa inhliziyo yami ayinelisekile. Kukhona utwa olubiza uTwa. Kukhona okunyakazayo. Kubukeka sengathi ngingabeka izandla zami phezu kwayo, kodwa, “Ikuphi, Nkosi na?” Akukhona okwami. Ngokwabantu baKhe. Ngokwabantwana bakaNkulunkulu. Ngivele ngabe yimihlatshelo.

105 Ngiyikhehla. Izinsuku zami se—seziphelile. Izinsuku zami zobusha sezihambile. Indoda eneminyaka engamashumi amane nesishiyagalolunye ayisesiyo inganyana. Siyakwazi lokho. Omunye unyaka futhi ngizoba namashumi amahlanu. Angiyena umfana. Nginabantwana okufanele ngibakhulise. Yiqiniso lelo.

106 Kodwa, mfowethu, nginomsebenzi kaNkulunkulu okufanele ngiwenze, ngaphezu kwakho konke. Kumele ngazi ukuthi

lokhu kulangazelela okukimi kumayelana nani. Ngifanele ngihambe ngize ngikuthole. Ngifanele ngiMthole, ndawo ndawo. Ngifanele ngazi.

107 Ngiqagele kukhona abanye abahlezi lapha, cishe eminyakeni eyishumi noma eyishumi nambili edlule, abavela kulelitabernakele, ngenkathi ngenza lesositatimende esifanayo lapha ngesinye isikhathi. Bangaki olapha okukhumbulayo lokho na? Bheka nje izandla ezindala esezisele. "Okuthile phakathi lapha," ngathi, "kunento ethize, engingacishe ngiyithinte. Iseduze." Kuncane engangikwazi, emva kokuba iNgelosi isikhulume ezansi lapha emfuleni, phambi kwenu nonke, futhi yathi, "Njengoba uJohane wathunywa njengomanduleli wokuFika kokuqala, wena uyothumela uMlayezo emhlabeni jikelele." Kwenzeka. Zonke izizwe zinezinkonzo zokuphulukisa eziqhubekayo manje, emhlabeni jikelele, kuze kufike phezulu eRashiya. Yebo, mnumzane. Yonke indawo, izinkonzo zokuphulukisa ziyaqhubeka, lapho eyayibohle khona.

108 Manje kukhona okukhulu kunalokho, okunyakazayo. Kukhona i...Ngilinde ukuzwa umsindo wokuvunguza kwamaqabunga amajingijolo. Ngiyaqhubeka. Ngikhulekeleni.

109 Manje, njengoba ngikulenkonzo, ukubonakaliswa kovuko lukaJesu Kristu. Uma Ephila, Ugcina zonke izithembiso. Ubani oMgcine ephila kuleminyaka eyizinkulungwane ezimbili na? Ubani ogcine lokho kuKhanya okuPhakade kuvutha na? Manje sekuyizikhathi zokuhlwa. Ukubonakaliswa kwaKhe kokuthile Akwenzayo, njengoba Enza ngaphambi kokubethelwa, Wazibonakalisa Yena uqobo kubafundi. [UMfowethu Branham ushaya umunwe wakhe kanye—Umhl.] Bakuqonda, masinyane, ukuthi kwakunguYe lowo. Manje Uzokwenza okufanayo.

110 Bangaki asebeke baba kweminye imihlangano yami na? Ake sibone izandla zenu, kuso sonke isakhiwo. Ngiqagele kungamaphesente ayikhulu, ngakho-ke ngeke kudingeke ngidlule kukho. Niyazi ukuthi yini okufanele niyilindele.

111 Bangaki abalangazelela futhi abalindele ukuMbona futhi, kulobubusuku, uhambo esigcawini, "Ngabe UnguJesu ovukileyo na?" UNkulunkulu akubusise. Manje ukukhombisa nje ukuthi Uyaphila.

112 Bekuyini na? [Omunye uthi, "X."—Umhl.] Kulungile. Ake thina nje...Ngeke sikwazi ukubiza abaningi kakhulu, ngesikhathi. Singama, mhlawumbe, abane noma abahlanu ngesikhathi, noma okuthize. Kulungile.

113 Asiqale ngamakhadi omkhuleko manje, futhi siqale ukubaphakamisa. Asithole elokuqala. Ubani onalo na? Bheka ikhadi lakho. Elokuqala. Lokuqala? [Omunye uthi, "Khona lapha, Mfowethu Bill."—Umhl.] O, ngiyaxolisa. Kulungile, nenekazi. Elokuqala. Elesibili. Elesithathu. Ungakwazi yini ukusukuma, noma ubani onelesithathu na? Elesine.

Elesihlanu. Elesithupha. Angiliboni elesithupha. Elokuqala, elesibili, elesithathu, elesine, elesihlanu. Elesithupha. Kulungile. Elesikhombisa. Elesikhombisa, ngiyacela. Khona lapha. Ngakho-ke, elesishiyagalombili, elesishiyagalombili. Elesishiyagalolunye. Kulungile, mnumzane. Eleshumi. Emuva . . . Ake sibone ukuthi bangaki . . . [“Ishumi.”] Kulungile. Ake siqale khona lapho, bese kuthi-ke singabona, mhlawumbe singathola abanye abambalwa.

114 Bangaki esakhiweni abangangazi na? Angikwazi wena, futhi wena ufuna uNkulunkulu akuphilise, phakamisa isandla sakho. Wonke owaziyo ukuthi angikwazi wena. Kulungile. Hloniphani ngokuzithoba nje.

115 Manje, iNkosi yethu uJesu, ngenkathi Ihamba emhlabeni . . . Ngesikhathi beshayisa abantu umugqa. INkosi yethu uJesu, ngenkathi ihamba emhlabeni, ayizange izisho ukuthi ingumphilisi. Bangaki abakwazi lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Wathi, “NguBaba waMi ohlala kiMi.” Bangaki abaziyo ukuthi Yena wathi, “Ngingenze lutho ngokwaMi; kodwa lokho eNgibona uBaba ekwenza, iNdodana iyakwenza”? [“Amen.”]

116 Manje, futhi ngenkathi Ethola indoda e—e . . . indoda. Futhi Wazimemezela Yena uqobo phambi kohlanga lwamaJuda. Yena wenza isimangaliso, ngokutshela indoda ukuthi yayikuphi nokuthi yayikade yenzani. Futhi baMkholwa.

117 Futhi ngenkathi Ezimemezela Yena uqobo ohlangeni lwamaSamariya, Yena watshela owesifazane ukuthi imfihlo yakhe yayiyini, futhi waMkholwa, nesizwe sonke. Ngabe kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

118 Kodwa khumbulani, Akazange akwenze lokho koweZizwe, akakaze ebukhoneni boweZizwe. Ngoba . . . Bangaki abaziyo ukuthi lesi bekuyisimiselo sesikhathi sabeZizwe na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Kodwa iziNkanyiso zakusihlwa sezifikile manje. Hlobo luni lokuKhanya olwakhanya na? Hlobo luni lokuKhanya olwakhanya kusukela ekwehleni kweNdodana na? INdodana efanayo eyakhanya eMpumalanga ngenkathi Ikhuphuka. Niyakukholwa lokho na? [“Amen.”] Ngabe leyo yiNdodana efanayo eyadabula umhlaba na? [“Amen!”] INdodana efanayo eyalunguza futhi yabonisa ukuKhanya emuva lapha. Futhi kwakumnyama emini, usuku olunenkungu nje; kwase kuthi-ke, ngaphambi nje kokuba iNdodana yehle, Yakhanya futhi. Bekuzofanele kube ngukuKhanya okufanayo okwakhanya emuva lapho. Kwakuyokhanya kumSamariya nakumJuda, emuva lapho, futhi hhayi koweZizwe; khona-ke Yena uzofanele akhanyise ukuKhanya okufanayo koweZizwe, ukuze abe nguyena izolo, namuhla, naphakade. Ngabe kunjalo na? [“Amen.”] Manje, kholwani.

Manje Dadewethu uGertie, ngokuthula impela, umzuzwana nje.

119 Manje, kulomugqa womkhuleko, kunabaningi benu, ngiqagele, angazi. Bangaki kini phakathi lapho, engingazi ukuthi yini engalungile ngani, noma lutho ngani na? Niyakwazi. Phakamisani izandla zenu, nina enisemgqeni womkhuleko, owaziyo ukuthi angazi lutho ngawe.

120 Bangaki ezithamelini abaziyo ukuthi angazi lutho ngawe. Angikhathali noma ngabe wena ungalapha, manje, angazi lutho ngawe. Kulungile. Kulungile. Kholwa nje.

121 Manje, iNkosi yethu yayihamba ngesinye isikhathi uku—ukuvusa encane, intombazane efile, no—owesifazane wathinta ingubo yaYo. Futhi Yaphenduka yayisithi, "Ubani oNgithintile na?" Futhi wonke umuntu wathula du. Baphika eyokuYithinta. Kodwa Yaqalaza . . .

122 Futhi abanye babo baYikhuza, uPetru, futhi wathi, "Nkosi, Ungasho kanjani ukuthi ubani 'othinte' weNa, futhi isixuku sonke siyaKuthinta na?"

123 Wathi, "Kodwa Ngi—Ngi . . . Amandla asukile kiMi," lokho kungukuthi, "amandla okuqina."

124 Futhi Waqalaza Waze wathola ukuthi ubani i . . . Wazi kanjani ukuthi owesifazane wayengubani na? Kwakuwukholo lwakhe; ngoba, Washo njalo. "Ukukholwa kwakho kukusindisile. Umopho, obukade unawo, usuphelile. Ukukholwa kwakho kukusindisile."

125 Lowo nguJesu Kristu namuhla, obenguye izolo. Uma Engenza into efanayo namhlanje, khona-ke UZifakazela ngokufanayo.

126 Kubukeka sengathi bekufanele ngimazi lona wesifazane lapha. Ingabe ungumuntu wokuqala na? Ingabe nguwe . . . ngingahle ngikwazi. Angikwazi. Ubuso bakho bubukeka bujwayelekile. Angazi. Kodwa, noma ngabe kuyini, sukuma futhi uze lapha umzuzu. Ngifuna ukusho, uma ngikwazi . . . kungenzeka ngingazi. Angilazi igama lakho. Kodwa kubonakala sengathi ngikubonile, futhi mhlawumbe ngikubonile. Kodwa angazi ukuthi uzele ini lapha. Angamqondo ukuthi uzele ini. Futhi angazi ukuthi ngiyakwazi. Kodwa kuvele nje . . . Ubukeka ujwayelekile, ubuso bakho. Bengingakwazi na? Wena—wena, bengingeke ngikwazi. Kulungile, khona-ke uyisihambi. Ubuso bakhe babubukeka bujwayelekile kimi. Bengingazi nje. Bengifuna ukuqiniseka.

127 Manje wonke umuntu uyazi, uma unokuthile okungokomoya ngawe, kuphela, ukuthi kukhona okwenzekayo khona manje. O, angeke u—angeke nje u . . . Awufanele ukuKuzwa, kodwa uyaKuzwa. Ngiyazi ukuthi leyoNgelosi kaNkulunkulu ikhona

lapha kulelideski. Uyasibona leso sithombe lapho, lokho kuKhanya na? Lokho kuKhanya kulapha ngqo manje.

Wena uthi, "AngiKuboni."

128 Kanjalo abazibonanga lezoziNgelosi ezabatshela, "Wanitshela lokhu eGalile." Zazikhona.

129 Futhi Yena ulapha. Yena unguKristu, Ovukileyo. Bangaki owaziyo ukuthi uKristu usesimweni sokuKhanya, namhlanje na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Impela. IBhayibheli lathi Unguye.

130 Manje hlonipha ngempela manje. Unganyakazi. Noma ngabe ukuphi, khuleka nje.

131 Manje uma siyizihambi komunye nomunye. . . Futhi iNkosi uNkulunkulu, uma Yona. . . Uma ugula, futhi uma bengingakuphulukisa, bengi—ngingakwenza; kodwa angikwazanga. Angikwazi ukukwenza, ngoba sekuvele kwenziwe. UJesu wakwenza ngenkathi Efa eKalvari, wavuka. Wakufakazisa. Futhi manje, uma Ezongembulela ukuthi uzele ini lapha.

132 Manje, ukuba Ubemi lapha, egqoke lesudi, Angahle azi ukuthi wawungubani. Ubezokwazi, uma uNkulunkulu ekwembula kuYe. Wathi, "Angenzi lutho uBaba aze aNgibonise okufanele ngikwenze." Futhi uma Ebekhona, futhi Ubezokwambulela, mhlawumbe ukuthi ungubani, lapho ovela khona, ukuthi ungubani igama lakho, okwenzile ngaphambi kokuba uze enkonzweni, noma lokho onakho enhliziyweni yakho, noma into efana naleyo. Kodwa, okokuphulukisa, kuwumsebenzi osuqediwe. Sekuvele kuqediwe. Manje, uma Ezokwenza okufanayo, uzokholwa yini ukuthi uzokuthola okucelayo na?

133 Izethameli zingasiphakamisa yini isandla senu kuNkulunkulu, ukuze uzokukholwa, futhi, uma Ezokwembula kulona wesifazane na? Makabe ngumahluleli. [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

134 Manje uma noma ubani efuna ukuza athathe lendawo, wamukelekile.

135 Manje nakhu lapho engizotholakala khona ngingumqambimanga, neZwi likaNkulunkulu lingelona iqiniso, noma ngikhuluma iQiniso neZwi laKhe liwuqobo. Kunjalo. Nakho lapho okhona. Ngeke kube—ngeke kubekhona nayinoma yikuphi ukukuzungeza lokhu. Lokhu kuyakukhombisa. Lokhu kuyakwenza.

136 Manje uma owesifazane egula, futhi ngibeka izandla zami phezu kwakhe, ngithi, "Uzosinda, dadewethu," unezwi lami kuphela ngalokho. Kodwa uma uMoya oNgcwele wembula okuthize obekusempilweni yakhe, ngemuva, uyazi noma ngabe yiqiniso noma qha, into ethile ekade ikhona. Uma Azi

okukade kukhona, ngokuqinisekile Uyokwazi okuyoba khona. Anikukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

137 Manje sengathi Angakupha khona, dadewethu. Bese kuthike izethameli zonke zithe zizokholwa.

138 Futhi wena nami, izihambi, ndawonye, futhi sihlangana nje lapha ngalesisikhathi; wena umi lapho, kukhona okungalungile. Angazi ukuthi kuyini. Angazi. Ngokuba angikwazi wena, futhi bengizokwazi kanjani ukuthi—ukuthi ubuyini, ukuthi yini ebingalungile ngawe na? Kodwa uNkulunkulu uyazi ukuthi yini engalungile ngawe.

Manje hlonipha nje ngempela.

139 Manje, inenekazi alizile ngokuqondene nalo, kwasekuqaleni. Wena ulapha ngenxa yomunye umuntu; lowo ngomncane. Futhi unenkathazo nge. . . Ngukuthuka kwangempela. Ngumzukulu womfana, ngiyakholwa, wakho. Futhi kukhona okungajwayelekile. Ngiyayibona leyo ngane isedolobheni okungesilo lelidolobha. Kubukeka sengathi i-New Albany. Kunjalo. Futhi inesimo sokwethuka. Kunento engalungile esibindini sayo, basho njalo. Inokuphalaza okuningi. Kunjalo. Uphazanyiswe yikho, futhi umele leyo. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI.

140 Wena yiba ngumahluleli. Ingabe lezo zinto ziyiqiniso na? [Udade uthi, "Amen."—Umhl.] Angazi ukuthi ngikutsheleni. Iteyipu iyazi. Iyasho. Izongitshela. Manje, bekungokomunye umuntu, ngandlela thize. Beka leloduku komunye umuntu, obunalo esandleni sakho ngenkathi lologcobo beluphezu kwakho, futhi ungangabazi, futhi uzoba nakho okucelayo. Uma Azi okwakukhona, Uyazi ukuthi kuzoba yini. Ungangabazi. Hamba, ukholwa.

141 Unjani, mnumzane na? [Umfowethu uthi, "Mayibongwe iNkosi."—Umhl.] Ngicabanga ukuthi siyizihambi komunye nomunye. ["Impela."] Siyizihambi. ["Angikaze ngikubone ngaphambilini, empilweni yami, kuze kube kulokhukusa."]

142 Uthe akakaze angibone ngaphambilini, empilweni, kuze kube kulokhukusa. Manje, wonke umuntu ahloniphe ngempela manje. Ugcobo seluvele luyashaya manje, niyabo. Ngifisa sengathi ngingakuchaza lokhu.

143 Kodwa uNkulunkulu uyakwazi, mnumzane. Futhi uma iNkosi uNkulunkulu izongembulela ukuthi iyini inkathazo yakho, uzoMemukela njengomphulukisi wakho, noma uMsindisi, noma yini oyidingayo ngaYe na? Uzokwenza na? [Umfowethu uthi, "Ngizokwenza impela."—Umhl.] Manje lapho umbono ushaya, wulalele nje. ["Amen."]

144 Uzama ukunqamula iphansi. Futhi kuyinto ethile edolweni lakho. Isifo samathambo edolweni lakho. Unenkathazo, futhi, ngamehlo akho. Aya ngokuba buthakathaka. [Umfowethu

uthi, "Kunjalo."—Umhl.] Futhi unenkathazo ngendlebe yakho. ["Kunjalo."] Futhi unenkathazo esiswini sakho. ["Kunjalo, mnumzane."] Lokho kuyiqiniso. ["Nakanjani. Ngeqiniso nje njengoba bengingakusho."] Awuveli kulelidolobha. Uvela eSomerset, eKentucky. ["Kunjalo."] Igama lakho nguMnu. Hudson. ["Kunjalo."] Manje buyela emuva, kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi uyakuphulukiswa. Kukholwe ngenhliziyo yakho yonke.

145 Ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, wonke umuntu na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Yibani nokukholwa kuNkulunkulu. Ningangabazi, kodwa kholwani nje.

146 INkosi uNkulunkulu iyakwazi, dadewethu. Uyakholwa ukuthi Angembula kimi ukuthi uzele ini lapha na? [Udade uthi, "Ngiyakholwa. Ngiyakwazi."] Uma Ezokwenza, uzokwemukela na? ["Yebo."]

[UMfowethu Branham uyathula futhi ubheka ibandla—Umhl.]

147 Lomfo omkhulu ohlezi lapha, yebo, ngikholwa ukuthi siyizihambi komunye nomunye, mnumzane. [Umfowethu uthi, "Yebo, mnumzane."—Umhl.] Kodwa emizuzwaneni embalwa nje edlule, ngenkathi ngikhuluma kuleyondoda, kukhona okwenzekile kuwe. Uthe enhliziyweni yakho, "Ngiyakukholwa lokho." Lelo yiqiniso, akusilo na? ["Amen."] Uma iNkosi uNkulunkulu izokwembula kimi lokho ofuna ukuphulukiswa kukho, uzokwemukela na? ["Yebo."] Unohlobo oluthile lokukhwehlela olukukhathazayo. Kunjalo. Phakamisa isandla sakho. Kulungile. Uma uzokukholwa, awusoze waba nakho futhi. Kuzosuka kuwe. Kukholwe.

148 Uthinteni na? Wenzeni na? Uthinte umPristi oMkhulu, hhayi mina. Lokho kungaba . . . angikaze ngiyibone indoda. Angazi lutho ngayo.

149 Uyakholwa ukuthi nguJesu ovukileyo na? Akuyona yini lena into efanayo Ayenza emva kovuko lwaKhe, ukufakazisa ukuthi Wayenguye Lowo ofanayo na? Abanye bathi, "Hlobo luni lomoya lolo na?" Umoya uyohlale uzifakazela wona. I . . . Thina singamagatsha; Yena unguMvini. Umvini wethanga uzothela amathanga; umvini wamagilebhisi uzothela amagilebhisi; umapula uzothela ama-apula. Impilo yobuKristu iyothela uKristu. Akuyona into eyinqaba.

150 Amehlo akho aba mabi, futhi ufunela iso lakho umkhuleko. Kunjalo, akunjalo na? Kunjalo. Phakamisa isandla sakho. Niyabo, angikwazi, kodwa uNkulunkulu uyakwazi. Kodwa impilo yakho, awukwazanga ukucasha.

151 Lapha, ngibona enye into, isibhedlela. Manje umzuzwana nje. Akusikho ukuhlolwa kwamehlo. Akusikho. Ukuhlinzwa. Akuwena. Ngumngane wakho, obe nokuhlinzwa. Futhi lokho kuyinto ethize, ukuhlinzwa kwesibhono, futhi uyesaba ngakho,

ngoba uyazi ukuthi bekuyinto ehlukile esibhonweni. Kunjalo. Lokho kwakuse-Corydon, e-Indiana. Yiqiniso. Uyakholwa manje ngenhliziyo yakho yonke na? [Udade uthi, "Impela ngiyakholwa."—Umhl.] Hamba, futhi wemukele lokho okucelile. ["Ngiyabonga."] EGameni leNkosi uJesu.

152 Ngiyabazi ubuso bakho. Uma ngingenjalo . . . Kusobala, lolu ugcobo, niyabo. Kodwa, okukwedlula konke engikukhumbulayo, awuyena yini umshumayeli na? Niyabo, bengifuna nje ukwazi, ukuze i—ibandla libone ukuthi akulutho . . . Kuyinto ethize nje, uma ngazi noma ubani, ngi—ngiyabazi. Kodwa angazi ukuthi ulapha mayelana nani. Anginalwazi. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Angazi ukuthi ulapha mayelana nani. Kodwa ngiyazi ungumshumayeli ovela ngaphandle ngaseBlackiston Mill, noma ndawo ndawo laphaya. Ngoba, ufika endlini yami ngesinye isikhathi, ngiyakholwa, ukukhulekela ingane noma okuthize. Ingabe . . . Ya. Ngiyazi kwakungokuthile ngengane. Ya.

153 Kodwa uhlushwa uhlobo oluthile lwenkathazo ezibilini zakho. Ake ngikutshele, khona-ke uzokwazi ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu noma qha. Unomuntu enhliziyweni yakho, ukuba akhulekelwe, futhi leyo yintombazane ekhubazekile. Ayikho lapha. Ingapesheya komfula. IseKentucky. Manje kholwa ngenhliziyo yakho yonke, ungaba nakho okucelayo. Amen.

154 Uyakholwa na? Uma ungakholwa, ungemukela. Ungangabazi. Kuthiwani emuva ezethamelini na? Uyakholwa na? [Ibandla lithi, "Amen." UMfowethu Branham uyathula—Umhl.]

155 Le emuva lapho, inenekazi eliyikhaladi elihlezi nje ngakwesokunxele, linokuphazamiseka kowesifazane, lihlezi phakathi, kwesokunxele. Uma ukholwa ngenhliziyo yakho yonke, nenekazi, ungaba nokuphulukiswa kwakho. Uyakukholwa na? Kunjalo. Inenekazi eliyikhaladi elihlezi ngasensikeni, eceleni kwendoda. Liphakamise isandla salo manje. Wena unokuphazamiseka kwabesifazane. Kulungile. INkosi uNkulunkulu ikuphilisile, dadewethu. Ukukholwa kwakho kukusindisile.

156 Anikuboni lokho kuKhanya okulenga phezu kwalowo wesifazane lapho na? Bhekani lapho.

157 O, kumangalisa kanjani! INkosi uNkulunkulu ayehluleki neze. Hloniphani. O, ngijabula kakhulu ukuthi Uyaphila. Uphila enhliziyweni yethu.

158 [Udade, ebusiswa, uqala ukumemeza—Umhl.] "Uma ukholwa, konke kuyenzeka."

159 Ngicabanga ukuthi siyizihambi komunye nomunye. Angikwazi. Angikaze ngikubone. Kodwa uNkulunkulu uyakwazi. Ukube ngake ngakubona, bengingazi. Kodwa uma iNkosi izongembulela lokho okumele lapha, uzongikholwa

ukuthi ngiyinceku yaKhe, ukholwe ukuthi Uvukile kwabafileyo na? Uma siyizihambi, bekuyofanele kube khona uhlobo oluthile lwamandla akwembula kimi, lokho okuzele lapha. Wena ulapha ngenxa yomthambo oyimiqhansa owukhulekelayo. Kunjalo.

160 Manje khulekela omunye umuntu, futhi uthole uma ngiyinceku kaNkulunkulu. Khulekela nje omunye umuntu, futhi ubone uma Engakwembula.

Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

161 Awu, unokwethuka, futhi unenkathazo yezinso. Futhi uhlala e-Corydon. Kunjalo, akunjalo na? Khona-ke, uyakholwa na? Manje hamba futhi wamukele njengoba nje ucelile.

162 Ngiyakucela. Ngiphonsela inselelo ukukholwa kwakho ukuba ukukholwe. Noma yikuphi esakhiweni, akunandaba ukuthi ukuphi, kholwa nje.

163 Kude le ngemuva, insizwa imi emuva lapho, ikhulekela umngane wayo eFort Wayne, oyimpumputhe. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzomphulukisa na? [Umfowethu uthi, "Amen."—Umhl.] Kulungile, khona-ke ungaba nakho.

164 Abanye benu nonke emuva lapho, kholwani. Emuva le, emuva le, kholwani. Phosela inselele, Kuphonsele inselele. UNkulunkulu abe nomusa.

165 Inenekazi eliyikhaladi elihlezi khona phansi ngezansi kwakho lapho, elinesimila. Uyakholwa ukuthi iNkosi izokuphulukisa, nenekazi; khona ngqo esihlalweni esingemuva, isihlalo esingemuva impela emuva lapho, ugqoke isigqoko esincane, esiyindilinga, liphakamisa isandla salo? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa kuleso simila na? Uma ukholwa, phakamisa isandla sakho futhi usivayizelise kuYe. Kulungile. Khona-ke yana ekhaya futhi usinde.

O, Uyamangalisa!

166 Nanti inenekazi lihlezi phambi kwalo ngqo lapha, lihlezi ngaphakathi, kancanyanyana nje emuva. Likhulekela omunye umuntu. Nanso iNgelosi yeNkosi imi ngakulo. Futhi lowo mngani wakhe, okhulekayo . . . uyamkhulekela, akahlali lapha. Kusedolobheni elincane lapho kunezihlahla eziningi zeshoba khona. Leyo yiHenryville, e-Indiana. [Udade uthi, "Kunjalo."—Umhl.] Futhi ukhulekela umka mfowabo onenkathazo yenhliziyo. Ungakukholwa na? ["Amen."] Uma ungakukholwa, uhlezi emuva lapho, yiba nokukholwa kuNkulunkulu futhi ukwemukele. Kulungile.

167 Kulungile, nenekazi. Uyisihambi kimi. Angikwazi, kodwa uNkulunkulu uyakwazi. Uma ukukholwa, phakamisa isandla sakho, nenekazi. Inenekazi elifake izibuko lapho. Kulungile, yilokho-ke.

168 Nicabangani na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] "INkosi uNkulunkulu wethu, UnguNkulunkulu." Akafile. Akafile,

kodwa Uyaphila. Hhayi ukuthi Uyaphila kuphela, kodwa Ukhona.

Ngabe lona yi . . . [Omunye uthi, "Yebo."—Umhl.]

169 Ngabe siyizihambi komunye nomunye, ngiyacabanga? Lesi yisikhathi sethu sokuqala ngqa sihlangana, ngiyacabanga. Kodwa uNkulunkulu usazi sobabili. Yini oyisabayo na? Futhi yeka ukucabanga ngalawo maphunga namakha, kanjalonjalo. Suka kukho. Kholwa uNkulunkulu nje. Kufake emqondweni wakho nje. Buyela ekhaya futhi uphile, uma ukukholwa.

170 Ube nenkathazo. Ngiyakubona ungena uphuma esibhedlela; kanye, kabili, kathathu, ukuhlinzwa. Futhi lokho bekungokwenanzi. Izimila, njengokuthi, enanzini. Futhi awusiye owakuleli dolobha. UngowaseKentucky. Futhi uvela edolobheni engike ngaba kulo, iCampbellsville. [Udade uthi, "Kunjalo."—Umhl.] Nkk. Vaughn, uyabuya, futhi uKukholwa. Ungaba nakho okucelayo.

171 Niyakholwa ngenhliziyo yenu yonke na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

172 Uyafuna ukuyodla isidlo sakho sakusihlwa futhi inkathazo yakho yesisu iphele na? Kulungile, qhubeka. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu.

173 Uyafuna ukwedlula kulesosifo samathambo futhi uphiliswe na? Hamba nje endleleni yakho, kukholwe.

174 Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzoyiphulukisa leyonkathazo yenhliziyo na? [Umfowethu uthi, "Impela."—Umhl.] Hamba endleleni yakho nje. Kukholwe nje.

175 Le ndoda ehlezi emuva ngqo lapha ekugcineni, nehembe elimhlophe. Qhabo, lowo nguMfowethu Funk. Kungemuva kwakhe nje. Uyafuna umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, awuwufuni na? Kulungile. Uma uzoKukholwa, ungaKwemukela. Amen.

176 Ucabangani, inenekazi elincane elihlezi lapha elinesifo samathambo, lingibuka ebusweni na? Wena, ovela eMiddletown, e-Ohio. Uyafuna ukukukholwa na? Lokho kungukukholwa okuhle, kumuntu ongeyena ngisho umKristu. Awuzisho ukuthi ungumKristu. Kunjalo. Uyamemukela Yena manje njengoMsindisi wakho na? UyaMkholwa futhi uzoMemukela njengoMsindisi wakho, iNkosi evukileyo na? Angikwazi. Angikaze ngikubone. Kunjalo. Kodwa uma uMemukela njengeNkosi yakho evukileyo, khona manje enhliziyweni yakho, izono zakho zithethelelwe, futhi uNkulunkulu uzokuphulukisa. Phakamisela isandla sakho kuYe futhi uMkholwe. Kulungile. Hamba endleleni yakho, futhi ujabule.

Ngiphosela inselele ukukholwa kwakho. Ngiphosela wena inselele yokuthi ukukholwe.

177 Siyizihambi komunye momunye, kepha uNkulunkulu uyakwazi. [Umfowethu uthi, "Ngiyakwazi, kodwa awungazi."—Umhl.] Uyangazi, kodwa angikwazi. Ingabe kunjalo na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangembulela lokho olapha ngakho na? ["Amen."]

178 Kulungile, bangaki abazokukholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

179 O, ungangakholwa kanjani na? Angeke uNkulunkulu . . . Ingabe uNkulunkulu wake wawavula amehlo akho na? Iningi lenu bantu lapha liyangazi. Ngikhuliswe nani lapha. Benginga kanjani . . . Ngihlehle ngehle empilweni yami, futhi ngithole uma noma yini eyake yashiwo kodwa lokho okufezeke ngokuphelele ukuba kube yiQiniso. Kuhlole futhi ubone ukuthi kunjalo yini.

180 Awu, nginitshelani na? UJesu Kristu uvukile kwabafileyo. Uyaphila. Ulapha. Leli yiPhasika. Futhi sekube yiPhasika iminyaka eyizinkulungwane ezimbili. Kodwa iziNkanyiso zakusihlwa ziyakhanya manje. Kukhanya eMpumalanga ngaleyonkathi, kukhanya kwelaseNtshonalanga manje.

181 Mnumzane, lokhu kungahle kuqhubeke amahora. Uma indoda ithi angiyazi . . . Ike yangibona mhlawumbe emhlanganweni ndawana thize noma kwenye indawo. Angazi. UNkulunkulu uyazi. Angazi. Angazi ukuthi ngake ngayibonaphi. Angazi ukuthi ngike ngayibona. Kodwa ithe ike yangibona. Uma uNkulunkulu ezokwembulela leyondoda, into ayaziyo, njengoba nje uFiliphu wahamba wathola uNathanayeli wamletha, bangaki abazothi, "Kuzokuxazulula phakade, kimi"?

182 Ungasibamba isandla sakho, ukuthi angikwazi. Vele uphakamise izandla zakho uma ngingakwazi, angazi lutho ngawe. Angazi lutho ngawe, angikaze ngikubone empilweni yami, ngokwazi kwami.

183 Manje, uma uNkulunkulu ezopha lokhu, bangaki abazothi, "NgizoMemukela khona manje njengeNkosi evukileyo, njengomphulukisi wami"?

184 Ukukuphulukisa, angikwazanga, mnumzane. Anginawo amandla okuphulukisa. Into kuphela enginayo yisiphiwo uNkulunkulu angivumele ukuba ngisenze.

185 Futhi manje njengoba ngikhathele futhi ngibuthakathaka, lemibono icishe ingibulale. Kubi kakhulu, kulukhuni kakhulu kunokushumayela, noma ukuma echibini. Kunzima. Kodwa uNkulunkulu muhle.

186 Wena uhlushwa okuthile okungalungile emgogodleni. Futhi lokho yisimila, bayakutshela, emgogodleni wakho. Kunjalo impela. Manje uzokholwa na?

187 Bheka manje. Kuningi ebengiyokukhuluma nendoda, kuningi obekuyoshiwo. Ngifuna ukunibuza manje, hloniphani nje. Hloniphani. Khulekela omunye, futhi ubone ukuthi iNkosi

izokwembula yini. Ngizocela noma yimuphi wenu ukuba enze into efanayo, ningene nje emqondweni wenu.

188 Ngani, niyabo, akukho lutho kimi. Angikwazanga ukukusiza. Ngiyindoda.

189 Futhi, kodwa uJesu unguNkulunkulu, futhi Ukhona. Awukwazi yini . . . Ingabe amehlo akho avulekile uku—ukubona lokho na? Awubhekile yini ngale kwekhethini, ukuze ubone na? Iminyaka eyizinkulungwane ezimbili, nakhu la Ebekhona; Ukhulume nawe, eZwini; Ukhulume nawe, entshumayelweni yakho, ngaso sonke isikhathi. Futhi nangu Ukhona manje, Ezenza abonakaliswe.

190 Ngizama ukukubamba enhliziyweni yami. [Umfowethu uthi, "Umhlane wami uyangihlupha."—Umhl.] Yebo, ngiyakubona uhloliwe. Kusemgogodleni wakho. Yisimila. Futhi ukhulekela umkakho. Uma uNkulunkulu ezongikhombisa ukuthi yini engalungile ngomkakho, uzongikholwa njengomprofethi waKhe na? Izindlebe zakhe. ["Kunjalo."] Akusikho lokho kuphela, kodwa ngibona insizwa ivela. Indodana yakho leyo. Uma uNkulunkulu ezokwembula kimi ukuthi yini inkathazo ngendodana yakho, uzongikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Ingabe izethameli zizokukholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Mfana, lapha, yisimo semizwa nesimo sesikhumba. Kunjalo impela. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Uyakholwa ukuthi uyakwemukela okucelayo na? ["Amen."] Khona-ke qhubeka endleleni yakho futhi ujabule.

191 Bangaki okholwayo ngenhliziyo yakho yonke na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

192 Manje ngifuna ungenzele okuthize. Beka izandla zakho phezu komunye nomunye, okomzuzu nje. Noma yikuphi nje lapho omi khona, bekani izandla zenu phezu komunye nomunye.

193 Isikhathi esinjena pho! Aniboni yini, bangane na? Aniqondi ukuthi ngeke kube yimina lo?

194 Yebo, inenekazi elincane lilapho lifake izibuko, naleyo nkathazo yowesifazane, lokho okuphumayo. Ungakhathazezi ngakho, nhlobo, uhlezi lapho. Sekuphelile. Kuphendula ukuKhanya. Sekusukile kuwe.

195 Kukhona okukhona; Okuthile okungaphezu kwemvelo, Okuthile okungokwangempela. Yena uyazazi izono zakho. Yena wazi konke ngawe. Akayena yini iNkosi uJesu na? Khona-ke, ngiyanitshela. Ukuba benginitshelile lokho ukuthi kuyiqiniso, futhi Yena ukufakazisile ukuthi kuyiqiniso, nginitshela iqiniso manje. Nonke ningaphiliswa khona manje, uma nje nizokwemukela; hhayi ekhanda lenu, kodwa enhliziyweni yenu. Uma nizokuxazulula khona manje, ukuthi niseBukhoneni bukaNkulunkulu onamandla onke, ukuthi Yena ukhona manje, asikho isidingo sokuthi kuphume umuntu obuthakathaka kulesi sakhiwo. Sonke singaphuma siphile saka,

uma nje nizokukholwa. Uma Ezwa umkhuleko wami lapha, Uzowuzwa umkhuleko wami phandle lapho. Akagcini ngokuzwa umkhuleko wami, Uzowuzwa umkhuleko wakho.

196 Manje, iBhayibheli lathi, “Unguye izolo, namuhla, naphakade.” Yena ukufakazisile lokho. IBhayibheli lathi, “Uvukile kwabafileyo.” Ukufakazisile lokho. Ngabe kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

197 Manje ngifuna ukunibuza okuthile. UJesu washo lokhu, amaZwi aKhe okugcina ngaphambi kokuba Ahambe emhlabeni, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Bangaki amakholwa phakathi lapha na? Thanini, “Amen.” [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Uyikholwa manje. “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda.” Ingabe leso sithembiso siyiqiniso na? [“Amen.”] Awu, ningamakholwa. Nibeke izandla zenu omunye komunye. Khona-ke, iBhayibheli liqinisile.

198 Manje ngamunye wenu khulekelanani, ngendlela nje enenza ngayo ebandleni lenu. Bekani izandla zenu phezu komunye nomunye, ngamunye nikhulekelane, njengoba nibeka izandla zenu phezu komunye nomunye manje. Nikhulekelane nje, ngenkathi ngisakhuleka manje.

199 O Nkosi, uma Wena ufika kulobubusuku futhi wemukela iBandla laKho, asinazaba. Wena ulapha. Futhi njengoba lesisithombe silenga odongeni, seNsika yoMlilo eyahola abantwana bakwa-Israyeli, Wena usenguye uNkulunkulu ofanayo kulobubusuku, namandla afanayo nokubonakalisa okufanayo. Uvukile kwabafileyo, futhi lobu ubufakazi bokuthi Uvukile kwabafileyo. Manje, Nkosi Nkulunkulu, yenza umsebenzi omkhulu ezinhliziyweni zabantu. Thethelela zonke izono, futhi uphulukise zonke izifo. Phendula imikhuleko yabo, Nkosi. Futhi manje yizwa umkhuleko wenceku yaKho.

200 Manje ngilahla sonke isifo, lonke idemoni, onke amandla kadeveli; futhi ngithi kudeveli, “Phuma kulaba bantu. Phuma kubo, eGameni likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu. Shiya laba bantu. Babeke izandla zabo komunye nomunye. Bayizinceku zikaNkulunkulu. Phuma, Sathane. Ngiyakuyala, eGameni likaJesu. Phuma, futhi ulahlwe ebumnyameni, futhi ungabe usabakhathaza. EGameni likaJesu Kristu.”

201 Bangaki kini abakholwayo ukuthi uNkulunkulu ukuphilisile manje nje na? Yima ngezinyawo zakho. Uma uyisishosha, sukuma noma kanjani. Yilokho-ke. Anginitshelanga yini ukuthi, nizakubona inkazimulo kaNkulunkulu na? Uma kukhona abakhubazekile phakathi lapha abebengakwazi ukuhamba, hamba uye phansi naphezulu esikhaleni esiphakathi nezihlalo. Uma ekhona noma ubani lapha obeyisithulu endlebeni eyodwa, faka umunwe wakho endlebeni ekahle uzwe ngale engalungile. Noma ubani lapha obehluphekile, akakwazanga

ukuphakamisa isandla sakhe; sukuma. UKristu. . .Buka—buka izandla ziphakama, obehlushwa esandleni sabo. Amen. Ngithe Ulapha.

202 Kulungile, Dadewethu Gertie.

> Uyaphila, Uyaphila, uKristu Jesu uyaphila namhlanje!
> Uhamba nami futhi Ukhuluma nami endleleni ewumngcingo yokuphila.
> Uyaphila, Uyaphila, ukunikezela ngensindiso!
> Uyangibuza ukuthi ngazi kanjani ukuthi Uyaphila na?
> Uphila ngaphakathi kwenhliziyo yami.

203 Futhi, wonke umuntu! [UMfowethu Branham uqala ukushaya izandla zakhe—Umhl.]

> Uyaphila, Uyaphila, uKristu Jesu uyaphila namhlanje!
> Uhamba nami, Ukhuluma nami endleleni ewumngcingo yokuphila.
> Uyaphila, Uyaphila, ukunikezela ngensindiso!
> Uyangibuza ukuthi ngazi kanjani ukuthi Uyaphila na?
> Uphila ngaphakathi kwenhliziyo yami.

204 Makuthi lezi zethameli ezinkulu zithi, "Haleluya!" [Ibandla lithi, "Haleluya!"—Umhl.] INkosi iyaphila! ["INkosi iyaphila!"] Malibongwe iGama laYo! ["Malibongwe iGama laKhe!"] Haleluya! ["Haleluya!"]

> Uyaphila, Uyaphila! (Masivayizelise izandla zethu kuYe.) UJesu uyaphila namuhla!
> Uhamba nami, Ukhuluma nami endleleni ewumngcingo yokuphila.
> Uyaphila, Uyaphila, ukunikezela ngensindiso!
> Uyangibuza ukuthi ngazi kanjani ukuthi Uyaphila na?
> Uphila ngaphakathi kwenhliziyo yami.

205 Bangaki abalithandayo leloculo elidala, thanini, "Amen!" [Ibandla lithi, "Amen!"—Umhl.] Xhawulana nomuntu oseduze kwakho. Uthi, "Mayibongwe iNkosi! Mayibongwe iNkosi!" ["Mayibongwe iNkosi! Mayibongwe iNkosi!"] Mayibongwe iNkosi! Mayibongwe iNkosi! Kulungile.

*Ukukholwa Kwami Kubheka KuWe.* O, kukanjani ukuma-. . .

> . . .ukholo lubheka phezulu kuWe,
> Wena Wundlu laseKalvari,

Msindisi waPhezulu;
Manje ngizwe ngisakhuleka,
Susa lonke icala lami,
O makuthi mina kusukela namhlanje
Ngibe ngowaKho wonke!

206 Asikhothamise amakhanda ethu manje, ngenhlonipho yokuzithoba, eBukhoneni bukaNkulunkulu umninimandla wonke noSomandla. Kwangathi iNkosi uNkulunkulu ingapha isibusiso saYo kulowo nalowo. Kwangathi iNkosi inganibusisa, ngamunye, ngokucebile, iniphe okuhle kunakho konke okukhona. Umusa waKhe mawube phezu kwenu, wonke umuntu evuka ukuze aphulukiswe. Ningalinge nukuphike. Abaningi basindisiwe. Abaningi bamamukele uKristu. UKristu embula izimfihlo zenhliziyo.

207 Siyanimema ukuba nibuye, zihambi, etabernakele lethu, ekukhonzeni kwethu.

208 Ngicule nje isikhashana, ukuze ugcobo luzothi ukungishiya umzuzu, ukuze ngikwazi ukukhuluma. Ngiyajabula ukuthi benilapha. Kube wusuku oluhle ukuba nani. UNkulunkulu anibusise.

209 Etabernakele, ngeSonto elizayo ebusuku yisidlo, ukugezana izinyawo. Noma yimuphi kini bantu abangomakhelwane, yimani futhi nisibone. Sikhulekeleni size sibonane futhi.

210 Asikhothamise amakhanda ethu manje. Sizocela umelusi, eze asikhulule, noma asho akufisayo.

